



ISIZULU

Izincwadi zokufundwa zamaBanga aPhansi ezihlelwe zaba wuchungechunge

Isifakaziso sokufundiwe

Igama lomfundi

Ibanga _____

| IZINCWADI ZESIZULU | AMAGAMA ABAWABONA NJALO | IMISINDO | USUKU & IMIBONO KATHISHA | USUKU & IMIBONO YOMZALI |
|--------------------|-------------------------|----------|--------------------------|-------------------------|
|--------------------|-------------------------|----------|--------------------------|-------------------------|

IZINGA ★

| | | | | |
|--------------------|---------|------------------------------------|--|--|
| Musa! | | Imisindo yezinhlamvu ze-alfabhethi | | |
| Lala | | | | |
| Izimo | dweba | | | |
| Vula vala | | | | |
| Baleka | qaphela | | | |
| Lalela | ngifuna | | | |
| Bala | | | | |
| Qoqa | nonke | | | |
| Jika | kakhulu | | | |
| Ubaba usele nosana | | | | |

IZINGA ★★

| | | | | |
|-------------------|------------------------------------|--------|--|--|
| Umnikelo | siyabonga | ph | | |
| Nyenyeza | futhi, indaba | ng, ny | | |
| Ekhaya | lapha, bonke, eNingizimu Afrika | hl, kh | | |
| Elikabani isondo? | isondo, sala kahle, ngiyabonga | | | |
| Uhambo | BUKEZA: kakhulu -SHA: ithikithi | mb, ng | | |
| Sizani! | siyabonga | hl | | |

IZINGA ★★★

| | | | | |
|---------------------|--|------------------------------------|--|--|
| Uphi uZinzi? | | BUKEZA: kh, ng, ph -SHA: nz, sh | | |
| Sidlala ungize | BUKEZA: nonke, bonke -SHA: omnandi, okumnandi | BUKEZA: hl, ng -SHA: dl | | |
| Izinyo | ukwazi, encwadini | BUKEZA: ng, ny -SHA: bh, lw | | |
| Liphukile ifasitela | | BUKEZA: ng, ph -SHA: bh | | |
| Awu, Mnu Nkawu! | uMnu, isinkwa, ushizi | BUKEZA: ng -SHA: dl, nk | | |

| IZINCWADI ZESIZULU | AMAGAMA ABAWABONA NJALO | IMISINDO | USUKU & IMIBONO KATHISHA | USUKU & IMIBONO YOMZALI |
|--------------------|-------------------------|----------|--------------------------|-------------------------|
|--------------------|-------------------------|----------|--------------------------|-------------------------|

IZINGA ★★☆☆

| | | | | |
|------------------------------|------------------------------|---|--|--|
| Esitolo sezingubo | isigqoko | BUKEZA: hl, kh, mb, ng -SHA: nd, th | | |
| Isaqathe esikhulukazi | sokugcina, igundane | BUKEZA: kh, mb, ng, nk, ph -SHA: ns, th | | |
| Umoya nelanga | amandla | BUKEZA: hl, kh, mb, ng, nk, ny, nz, ph, sh -SHA: nd, th | | |
| Bekela ikusasa | intuthwane, imv ukuzane | BUKEZA: dl, hl, kh, mb, ng, nk, ny, nz -SHA: nd, ns, nt, th | | |
| Indaba yomlingo | isinkwa, ebusweni, lokugcina | BUKEZA: dl, hl, kh, mb, ng, nk, ny, ph -SHA: nd, th | | |

IZINGA ★★☆☆☆

| | | | | |
|--------------------------|---------------------------------------|---|--|--|
| Isobho lamatshe | amatshe | BUKEZA: bh, dl, kh, mb, nd, ng, nt, ny, nz, ph, th -SHA: dw, kw | | |
| Unogwaja nofudu | unogwaja, imv ubu, lwamzwela | BUKEZA: dl, hl, kh, lw, mb, nd, ng, ny, nz, ph, sh, th -SHA: qh, ndl | | |
| Ihubesi negundane | kwafika, lezwa | BUKEZA: bh, hl, kh, mb, nd, ng, nk, nt, ny, nz, ph, sh, th -SHA: nc | | |
| Siyabhaka nogogo | uhhavini, izandla, amaglavu, amaswidi | BUKEZA: bh, dl, hl, kh, lw, mb, nd, ng, nk, ny, nz, ph, sh, th -SHA: nhl, tsh | | |
| Idolobha lakithi | indlu, incwadi | BUKEZA: bh, dl, hl, kh, lw, mb, nd, ng, ns, nt, ny, nz, ph, sh, th -SHA: kw, mv | | |

IZINGA ★★☆☆☆☆

| | | | | |
|-----------------------------------|---|--|--|--|
| INingizimu Afrika ngeyethu | Afrika, igaljuni, anohhemu, intshe, amaphengwini, amahlengethwa | BUKEZA: bh, dl, hl, kh, kw, lw, mb, mv, nd, nk, ng, ns, nt, ny, nz, ph, sh, th, ndl, nhl, tsh -SHA: zw | | |
|-----------------------------------|---|--|--|--|

Thisha othandekayo

Sebenzisa ishadi lesifakaziso sokufundiwe ukuthola ukuthi umfundi uthuthuka kanjani ekufundeni. Umfundi ngamunye kumele abe nesakhe isifakaziso.

Lezi zincwadi ze *Vula Bula* eziwuchungechunge zihlelwe zaba namazinga ahlukahlukene. Izinkanyezi ezikuzo yizo eziveza lawa mazinga. Umfundi udinga ukufunda aqonde zonke izincwadi ezisezingeni elivezwa yinani lezinkanyezi ngaphambi kokuthi adlulele ezingeni elilandelayo nalo futhi elimelwe yinani lezinkanyezi.

OKUBALULEKILE

Izinga elinenkanyezi e-1 (*): linezincwadi **eziyishumi**

Izinga elinezinkanyezi ezi -2 (* *): linezincwadi **eziyisithupha**

Izinga elinezinkanyezi ezi -3 (* * *): linezincwadi **ezinhlanu**

Izinga elinezinkanyezi ezi -4 (* * * *): linezincwadi **ezinhlanu**

Izinga elinezinkanyezi ezi -5 (* * * * *): linezincwadi **ezinhlanu**

Izinga elinezinkanyezi ezi -6 (* * * * *): linezincwadi **eyodwa**

- Ebangeni loku-1, bonke abafundi baqala ngencwadi enenkanyezi eyodwa (*). Bazobe sebedlulela ezincwadini ezinezinkanyezi ezi-2 (* *), njalunjalo.
- Ebangeni lesi-2, iningi labafundi lizoqala ngencwadi enezinkanyezi ezimbili (* *). Lizobe selidlulela ezincwadini ezinezinkanyezi ezi-3 (* * *), njalunjalo.

Izincwadi ze *Vula Bula* zikhululekile. Abafundi akudingeki bafunde ezisebangeni elifanayo kanye kanye. Ezilula nazo zimnandi ngokufanayo nezithe ukuba lukhuni. Abafundi kumele bahambe nezifakaziso zabo zokufunda uma besuka Ebangeni loku-1 beya kwelesi-2.

Lezi zincwadi zilungele abafunda ngababili kanye nabafunda ngokuzimela, okuyinto ebalulwa yiCAPS (ikhasi 14) njengedinga ukwenziwa njalunjalo nansuku zonke.

Umfundi kumele akufundele indaba uma ezwa ukuthi usemfuthweni wokufunda. Emva kokuthi afunde, mbuze imibuzo embalwa uqiniseke ukuthi ukufunde wakuqonda konke nezithombe ezisencwadini. Uma sewuqinisekile ukuthi umfundi uyifunde wayiqonda indaba, sayina ufake nosuku esifakazisweni. Umfundi usengakhethe enye incwadi elinganayo naseyifundile ngezinga, kumbe uma esezifunde zonke ezisezingeni elifanayo, adlulele kwelinye izinga.

Lezi zincwadi zilungele ukufundwa ekhaya. Abafundi bamelwe ukuvunyelwa ukuhamba nazo bayozifundela abazali emva kokuzifunda eklasini. Nabazali kudingeka babasayinele bafake nosuku esifakazisweni.

Mzali othandekayo

Umntwana usesikoleni ngesizathu sokuzosizwa ngamasu okufunda. Uzothola ithuba lokuzijwayeza ukufunda ahambisane nothisha, kanti lokho akwanele-ke! Uma sifuna ukujwayeza abantwana bethu ukufunda okuphelele kumele sibanike lelo thuba nsuku zonke, bafunde noma besekhaya. Bayathanda - ke abantwana ukufika ekhaya bakhombise abazali ukuthi bafundeni esikoleni ngalolo suku. Uma umntwana efika ekhaya nencwadi kanye nesifakaziso sikathisha esifakaza ukuthi uyifundile incwadi esikoleni, sicela ukuthi nawe umnike ithuba akufundele. Kubakuhle uxoxe naye ngezithombe, umbuze nemibuzo, ukuthola ukuthi uyayiqonda yini indaba. Emva kwalokho, sayina isifakaziso esivela kuthisha ufakazise nawe ukuthi umntwana uyifundile incwadi ekhaya. Isiginesha yakho igcwalisa ukuthi umntwana uyifunde wayiqonda incwadi. Usezokwazi-ke ukudlulela encwadini elandelayo.